

- Ukuthuthukiswa kwamakhono okufunda
- I-Learning Enhancement Checklist esiza abafundi abangenzi kahle kwizifundo zabo babe nolwazi lwezimo ezibaphazamisayo neziholela kwimiphumela engemihle.

Sifuna ukuthi uphumelele eNyuvesi yaKwaZulu-Natali bese uba yikho konke ongaba yikho, ngakho-ke siyanxusa ukuba usibone nganoma iziphi izimo ezikuphazamisayo okanye ezikukhathazayo ngokushesha.

### UNGABATHUMELA KANJANI ABANTU KUTHINA

Lonke usizo lwethu lumahhala, kodwa-ke abafundi sibabona ngamaphoyinti (appointment) ngaphandle uma kube isimo esibucayi nesiphuthumayo. Ngakho-ke siyakukhuthaza ukuthi kwenziwe amaphoyinti.

Lokhu okulandelayo kubalulekile ekuqinisekeni indlela eyiyona nesheshayo yokusetshenziswa kwezidingo zethu kwiHhovisi LezoKulekelela Abafundi:

- Abadinga usizo bayanxuswa ukuba benze amaphoyinti nomabhalane wethu ngokuthi bamuthumelele imeyili okanye bamushayele ucingo, noma beze kuye qobo (bheka ingemuva laleli pheshana ukuthola imininingwane yokuxhumana nathi).
- Abadinga usizo bangeza kuthina ngalezi ndlela:
  - bengazizela bona
  - bengaethwa ozakwabo
  - bengaethwa abomndeni
  - bengaethwa abasebenzi abakwikolishi labo noma ababafundisayo
  - okanye balethwe ama academic development officers
  - bangaethwa abasebenza ezindlini zabafundi zasenyuvesi
  - bangathunyelwa abasebenzi base mtholampilo
  - bangaethwa ababhekelele ezokuphepha enyuvesi, i-Risk Management Services (RMS)
  - ochwepheshe bezempilo bangaphandle kwenyuvesi abafana nodokotela; odokotela bengqondo; njalo-njalo.

*Uma kukhona okukuphazamisayo, siyacela ukuthi uze uzosibona ngoba sikhonla ukusiza wena!*

### UNGASITHOLA KUPHI

#### PIETERMARITZBURG CAMPUS

College Administration Building  
Private Bag X01  
Scottsville  
3209, South Africa

PHYSICAL ADDRESS: College Administration Office, Ground Floor  
TEL: 033-260 5695  
E-mail: [aessupport@ukzn.ac.za](mailto:aessupport@ukzn.ac.za)

#### WESTVILLE CAMPUS

Oliver Tambo Building  
Private Bag X54001, Durban, 4000, South Africa  
PHYSICAL ADDRESS: Oliver Tambo Building, 2nd Floor  
TEL: 031—260 7440  
E-mail: [aessupport@ukzn.ac.za](mailto:aessupport@ukzn.ac.za)

#### HOWARD COLLEGE CAMPUS

Desmond Clarence Building  
Durban, 4041, South Africa  
PHYSICAL ADDRESS: Desmond Clarence Building, 3rd Floor  
TEL: 031- 260 2221  
E-mail: [aessupport@ukzn.ac.za](mailto:aessupport@ukzn.ac.za)

**Sicela ungangabazi ukusithinta uma udinga okunye ukuchazeleka noma udinga eminye imininingwane!**



UNIVERSITY OF  
KWAZULU-NATAL  
INYUVESI  
YAKWAZULU-NATALI



# EZOKULEKELELA ABAFUNDI

*Ukuchazeleka okulula ngokusebenzisa izinsiza zeHhovisi LezoKulekelela Abafundi*

**Ikolishi YezoLimo, YezobuNjiniyela  
NezeSayensi**



**INSPIRING GREATNESS**



## SINGOBANI THINA?

Ihhovisi elengamele ukwelekelela abafundi kwiKolishi YezoLimo, YezobuNjiniyela NezeSayensi (Agriculture, Engineering, and Science - AES) litholakala kuwo wonke amakhempasi aseNyuvesi yaKwaZulu-Natal, liseMgungundlovu, e-Westville kanye nase Howard College.

Izinhloso ezinkulu zethu njengehhovisi elilekelela abafundi kwi AES ukuhlola, sichaze, siphinde singenelele kwizinkinga ezinhlobonhlobo ezibhekana nabafundi. Lokhu kubandakanya izinkinga abafundi ababanazo mayelana nezifundo zabo, imikhakha, kanye nezinkinga zempilo kumbe ezihambelana nokuthuthuka kwabo.

Sikhona ukukusiza ngokukweluleka nokukuseka ngokuyimfihlo, sikuqeqeshwe ngezikhali zempilo kanye nokukulapha ngokomqondo, uma unanoma iziphi izinkinga kumbe lezo ezikuphazamisa engqondweni nasemoyeni futhi ufisa ukuthi uzibeke esimweni esingcono uthuthukise nezifundo zakho.

Ithimbalochwepheshe babasebenzi bethu abaqeqeshiwe kubalwa kubo laba abalandelayo:

- Counselling, Clinical or Educational Psychologists (Abeluleki)
- Omabhalane kumbe abasetafuleni lokusiza abafikayo
- Abeluleki abasaqeqeshwa (Intern Psychologists)

Bonke abaluleki bethu babhaliswe ne-Health Professions Council of South Africa (HPCSA) futhi bazimisele ngokukunika usizo ngezinga elisemthethweni kakhulu nelamukelekile.

## KUNGANI SIDINGEKA?

Ihhovisi lwezokulekelela abafundi yilo elibhekene nokuqinisekisa ukunakekeleka ngokugcwele kwabafundi baleli kolishi.

Siyaqonda ukuthi kunezinhlobonhlobo zezingqinamba nezinselero ezingaba nomthelelo omubi empilweni yabafundi nasemsebenzini wabo wesikole.

Ngakho-ke ilokhu esizimisele ngakho:

- ukuthuthukisa abafundi ekufundeni kwabo okuqhubekayo ukuze bakwazi nokubhekana noshintsho lokuba enyuvesi besuka ezikoleni.
- Ukuqinisekisa ukuthi sihlizzeke abafundi ngezidingo zabo zempilo nezomphefumulo ngoba siyakuqonda ukuthi izingqinamba ababhekana nazo empilweni zinakho ukuphazamisa umsebenzi wabo wesikole, futhi
- Sibalungiselele ngendlela engcono ukubhekana nezemisebenzi

Ngakho-ke siye sisize abafundi abafika nezinkinga ezibathintayo noma ezibahlukumezayo emphefumulweni, ezihlangene nokuphazamiseka komqondo, ukugxila kwizidakamizwa, ezihlangene nokushonelwa, izinkinga zobudlelwane, ukukhulelwa obekungahlosiwe, izinkinga zokuzinza enyuvesi, amakhono okufunda nawokugcina isikhathi, umzwangedwa, ingcindezi, njalo-njalo.

Siphinde sisize uma kuziwa ezimeni eziphuthumayo. Isimo esiphuthumayo sisibona njengosomfundi otshengisa izimpawu zezinhlelo zokuzibulala noma ofuna ukuzibulala qobo, okade ebhekene

nesimo esihlukumeza kakhulu (ukudlwengulwa/ ukuhlukunyezwa/ ukushonelwa) futhi nalabo abaziphatha ngendlela engajwayelekile emphakathini (njengoba siye sibone kulabo abaphazamiseke ngokomqondo).

Sisebenzisa zonke izinsiza esinazo ekubhekaneni nokululekwa kanye nokulashwa komphefumulo okubandakanya nezindlela zokusiza. Sonke isimo esibhekana naso sihlolwa ngokukhethekile ukuqinisekisa ukuthi sibhekelelwa ngendlela enobuchule.

## YINI ESISIZA NGAKHO?

Sinosizo olunhlobonhlobo oluseqophelweni eliphezulu noluyimfihlo. Lokhu okulandelayo ezinye zezinto ongasizakala ngazo emahhovisi ethu:

- Ukwelulekwa kanye nokulashwa komqondo
- Ukuhlolwa kwabangenzi kahle ezifundweni zabo nabasengcupheni yokuxoshwa
- Ukuhlololwa umqondo
- Usizo olubhekelele izimo eziphuthumayo
- Ukuhlololwa umkhakha
- Ukulashwa ngokomqondo ngokwamaqembu
- Imihlangano yokuqeqeshelwa izikhali zempilo. Lolu qeqesho lubandakanya izinsiza ngokubhekana nengcindezi; ukugcinwa kwesikhathi; amakhono okubhala amanothi; amakhono okubhala izivivinyo; amakhono okufuna imisebenzi; ukululekwa ngokonga imali kanye ngokudla okunempilo; uqeqesho olumayelana nezinqumo zokukhetha imikhakha; njalo-njalo.